# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

***Intshumayelo ngomkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 26. 05. 2013  30/2013***

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 140/123

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu ongcwele siphe njalonjalo uMoya wakho oNgcwele ukuba asibize ngezwi lakho, asikhanyise, asingcwelise, asilondoloze ekukholweni okuyikho. Nanamuhla asivuselele ngalentshumayelo, asiholele kuJesu Kristu uMsindisi wethu. Sicela egameni lakhe. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-Rom 11,33-36

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Joh 3,1-8

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 137/120

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Izwi lentshumayelo** ngohlelo lweshlanu lilotshiwe kuNumeri 6:22-27, lithi: "UJehova wakhuluma kuMose, wathi: 'Yisho kuAroni nakumadodana akhe, uthi: Niyakubusisa kanje abantwana bakwaIsrayeli; niyakusho kubo, nithi: 'UJehova makakubusise, akulondoloze; uJehova makakhanyise ubuso bakhe phezu kwakho, abe nomusa kuwe; uJehova makaphakamise ubuso bakhe phezu kwakho, akuphe ukuthula.' Bayakubeka kanjalo igama lami kubantwana bakwaIsrayeli, mina ngibabusise." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu lamazwi anamuhla siwazi kahle kakhulu. Zonke izinkhonzo eziphathiwe ngendlela esiyaziyo zigcina ngalamazwi, ayisibusiso sikaNkulunkulu. Lesisibusiso sikaNkulunkulu sibekwa phezu kwabantu bakhe ekugcineni kwekonzo yakhe. UNkulunkulu wathi kuMose: U-Aroni namadodana akhe, kusho ukuthi abapristi baka-Israyeli bayakubeka kanjalo igama likaNkulunkulu kubantwana bakwa-Israyeli, uNkulunkulu ababusise. Bathola kuNkulunkulu lamazwi esibusiso, ukuba asetshenziswa enkonzweni. UNkulunkulu uMthathwemunye uyathanda ukubabusisa abantwana bakhe ngalamazwi amathathu, igama lakhe libekwa phezu kwabo. Ake siqhaphele

kakhulu ukuba abafundisi bethu bangaguquli lamazwi bafake amazwi abantu enkonzweni. Baguqula amazwi esibusiso sikaNkulunkulu bafaka amazwi abantu. Sebekwenza lokhu abafundisi abathile.

UNkulunkulu uMthathwemunye uyathanda ukubabusisa abantwana bakhe ngamalungu amathathu esibusiso, igama lakhe libekwa kathathu ngokulandelana phezu kwabo. Kithi kwaqala embhapathizweni. Thina esingamakholwa sathelelwa kanye namanzi ahlanganisiwe nezwi leligama, ngisho igama likaNkulunkulu uYise neNdodana noMoya oNgcwele mhla sabhapathizwa. Sizwile ivangeli lanamuhla elikhuluma ngobubanzi ngombhapathizo. Embhapathizweni sangena embusweni kaNkulunkulu uYise, neNdodana, noMoya oNgcwele. Sabhapathizwa egameni likaYise, neNdodana, noMoya oNgcwele. Kusuke khona singabantwana bakhe, ngoba wasizala kabusha emanzini ngoMoya wakhe oNgcwele, wasibiza ngamagama ethu, kodwa okubalulekile kakhulu kunalokhu kungukuthi: Wabeka igama lakhe phezu kwethu. Singabakhe, singabakhe, singabakhe. Akesingangabazi ngalokhu noma nini. Thina esingabantwana bakaNkulunkulu singabantwana bakhe isibili.

UNkulunkulu ubeka igama lakhe phezu kwethu esebenzisa izinceku zakhe, abafundisi bakhe ekugcineni kwenkonzo. Siphuma enkonzweni sithwele igama likaNkulunkulu uMthathwemunye, leligama elalibekwa phezu kwethu embhapathizweni liyabekwa futhi ngeSonto enkonzweni. "INkosi mayikubusise, ikulondoloze." UMdali wezulu nomhlaba uyasibusisa ngezipho eziningi, uyasipha ukudla nokuphuza, uyasipha umzimba nomphefumulo, izingubo nezicathulo, indlu nekhaya, umsebenzi nokuthula emhlabeni. UMdali wezulu nomhlaba usakulondoloza konke lokhu esinakho ekuphileni kwethu. "Uyangabela kakhulu imihla ngemihla konke okuswelekayo emzimbeni nasekuhambeni kwami, uyangivikela ezingozini zonke, angilinde, angilondoloze ngokuvimba konke okubi." UMdali wezulu nomhlaba uyasenzela konke lokhu. Igama lakhe liyabekwa phezu kwethu enkonzweni ngesonto ukuba lihamba nathi iviki lonke.

"INkosi makakhanyise ubuso bayo phezu kwakho, ibe nomusa kuwe." UMsindisi wethu uJesu Kristu wathwala zonke izono zezwe ukuba sibe nokuthula phambi kukaNkulunkulu, ukuba sibe nenkululeko phambi kukaBaba wethu osezulwini, ukuba sibe abakhe ngempela. Wathwala yena isijesiyo ebesifanele thina zoni. UNkulunkulu uMthathwemunye waba nomusa kithi. UJesu Kristu ongukukhanya kwezwe uyakhanya phezu kwethu, uyasikhanyisela thina esikholwa nguye. UJesu Kristu uyathwala izono zethu ukuba sithole intethelelo yezono zethu.

Waba ngumhlatshelo yena ukuba siphile thina. UMsindisi wethu uJesu Kristu uyasibusisa ngokusikhonza ngomsebenzi wakhe omkhulu kakhulu wokusifela. UMsindisi wethu uJesu Kristu uyasibusisa ngokusikhonza ngomsebenzi wakhe omkhulu kakhulu wokusivukela ekufeni ukuba sibe nokuphila okuphakade. Igama lakhe liyabekwa phezu kwethu enkonzweni ngesonto ukuba lihamba nathi iviki lonke.

"INkosi makaphakamise ubuso bayo phezu kwakho, ikuphe ukuthula." Umoya oNgcwele uyasibiza ngevangeli, uMoya oNgcwele uyasikhanyisa ngezipho zakhe, uMoya oNgcwele uyasiqinisa, uMoya oNgcwele uyasilondoloza ekukholweni okuyikho. UMoya oNgcwele uyasipha ukuthula ngokusihola kuJesu Kristu onguMsindisi wethu ngezwi likaNkulunkulu nangamasakramente angcwele angumbhapathizo neSidlo esingcwele. Uyasithethelela izono zethu ukuba sibe ngcwele. Umoya oNgcwele uyasihola njalo njalo kuJesu Kristu ukuba singaduki, singahlubuki, singabaleka emusweni wakhe, kodwa siqine ekukholweni okuyikho. Igama lakhe liyabekwa phezu kwethu enkonzweni ngesonto ukuba lihamba nathi iviki lonke.

"Namhlanje siyakhumbula zonk' izenzo ezinkulu, ezenziw' uJehova ngomsa wakhe omkhulu." Sicula ngalamazwi, sicula leliculo elihle ngempela enkonzweni kaNkulunkulu, lapha esikhonza ngakho konke okungokwakhe. UNkulunkulu uMthathwemunye usenzela okuningi ukuba sibe abakhe, sihlale kanye naye embusweni wakhe kuze kube phakade. Enkonzweni asikhunjuzwa, akukhulunywa kangaka ngemisebenzi yethu emihle, kodwa siyakhunyuzwa ngoNkulunkulu nangakho esikulungiselwe nguJesu Kristu ukuba sazi uNkulunkulu weqiniso, sikholwe nguye, sikhumbule njalo ukuthi asikwazi ukwenza lutho ngaphandle kukaJesu Kristu. Ngakho kuyahloswa ukuba singabe sisathanda ukwenza lutho ngaphandle kwakhe, noma ngokumelana naye, kodwa njalo sithande ukwenza konke esikwenzayo ngemisebenzi, nangamazwi nangemicabango, sithande ukukukwenza konke njalo sikanye noKristu ngokwentando kaYise. Siqinisele njalo ekukholweni ngomusa kaNkulunkulu kithina nangemisebenzi yakhe asenzele yona, simethembe uNkulunkulu owasidala, owasisindisa, osingcwelisayo, sikhumbule imisebenzi yakhe yomusa. UBaba wethu osezulwini uyasipha okuningi ngeNdodana yakhe. UJesu Kristu, iNdodana yoPhezukonke, wasifela ukuba siphile. Naye Moya oNgcwele uyasihola kuJesu Kristu, uyasithethelela, uyasiqinisa. Siyabonga uNkulunkulu, osibusisile kakhulu ngesikhathi esidlulileyo, osasibusisa nanamuhla, ozosibusisa nangomuso ngokusihola, kuze kube sihlale naye embusweni wakhe, siyambonga uBaba, neNdodana, noMoya oNgcwele. Amen.

9. **Umkhuleko:**. Baba wethu osezulwini, sibonga umusa nothando lwakho kithina esingabantwana bakho ngombhapathizo. Sibonga ngoba wasibeka igama lakhe phezu kwethu mhla sabhapathizwa ukuba sibe-ngabakho. Nasezinkonzweni zonke uyaphinda ukusibusisa ngokubeka igama lakho phezu kwethu. Sihole ngoMoya wakho oNgcwele ukuba singahlubuki kuwe. Siyakhuleka egameni likaJesu Kristu uMsindisi neNkosi yethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 139/122

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2013 ngu-P. C. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.